




**transport**

Department:  
Transport  
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

## OCTOBER IS TRANSPORT MONTH

“Road safety is our collective responsibility.”



**MNUZ.  
T.W. MCHUNU**  
UNgqongqoshe  
wezokuThutha,  
ukuPhepha  
nokuXhumanisa  
uMphakathi  
KwaZulu-Natal



# Inhlansi yokuthula embonini yezamatekisi kusayindwa isivumelwano KwaDukuza



UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Senzo Mchunu, ophakathi kukaNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu no Mnu Thula Bophela kusayindwa isivumelwano nemboni yezinkampani ezizimele zonogada ngaphansi kwe Private Security Industry Regulatory Authority KwaDukuza ngomhlaka 10 October. Lokhu kuyingxenye yokuletha ukuthula nokukhula kwemboni yezamatekisi. **Ikhasi 4**

Isithombe ngu: Sjabulile Khwela

Umlando abezikole zokushayela besayinda isivumelwano noMnyango wezokuThutha

**Ikhasi 3**

Imboni yezokuthutha umphakathi ikushayele ihlombe ukuvulwa kwamahhovisi amaphemithi eduze

**Ikhasi 4**

**“Ezokuphepha emgwaqeni wumsebenzi wethu sonke.”**





## Uyaqhubeka umkhankaso kaMchunu wokuletha intuthuko emiphakathini yasemakhaya



lungu lomphakathi ukuncomile lokhu: “Izimpilo zethu sezishintshe kakhulu njengoba sekwakhiwe lo mgwaqo ngoba izimoto zethu bezishesha kakhulu ukufa futhi besiphopheleka ukuthi sizishiye emakhaya uma lina izulu. Bezibhajwa odakeni sigcine singasakwazanga ukufinyelela lapho sifuna ukufinyelela khona.”

UMchunu obehambisana neNhlolo yoMnyango uMnuz Sibusiso Gumbi ube esethembisa umphakathi ukuthi uMnyango wakhe uyazibophezela ekutheni wakhele abantu bakule ndawo irenki nayo eyisidingo esikhulu.

Iphawula ngentuthuko endaweni yayo iNkosi yaseMaChunwini uSimakade Mchunu uthe: “Lokhu okwenziwe uMnyango wezokuThutha kukhombisa ukuzibophezela kukaHulumeni ekuthuthukiseni imiphakathi yasemakhaya. Nathi esisezindaweni zasemakhaya sesiyayibona imisebenzi emihle eyenziwa uHulumeni.”

**UNGqongqoshe uMnuz Willies Mchunu uvule ngokusemthethweni isigaba sokuqala somgwaqo KwaKopi, eMsinga. INkosi yaseMaChunwini uSimakade Mchunu uthakaselele lo msebenzi oledwe endaweni yesizwe sakhe, ngomhlaka 7 October.**

Isithombe ngu: Sjabulile Khwela

### Sthe Luthuli

UNGQONGQOSHE wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu uvule ngokusemthethweni isigaba sokuqala somgwaqo u-P368, KwaKopi, ngaphansi kweNkosi yaseMaChunwini, eMsinga.

Isigaba sokuqala salomgwaqo esingamakhilomitha angu-9.7

ubude sidle isamba semali engu-R85 million. Sekukhona imali engu-R51 million efakiwe futhi kulo nyaka wezimali ka-2014/15 yokuqhubeka nokwakhiwa kwalo mgwaqo.

Ukuvulwa kwalo mgwaqo kuwujabulisile kakhulu umphakathi wale ndawo njengoba uthe lokhu kufezekise isithembiso sikaMchunu asenza eMsinga ezokwethula izinhlelo

zentuthuko.

Ekhuluma nomphakathi emcimbini wokuvulwa komgwaqo uMchunu uthe ukwakhiwa kwalo mgwaqo kunomlando omkhulu kakhulu ngoba yiwona okwakuhamba kuwo amakhosi ayeze endaweni yaseMsinga, kanti ngaleso sikhathi kwakubusa iNkosi eseyakhothama uPhakade Mchunu.

“Yikho-ke lokhu okwenza ukuthi lo mgwaqo ubaluleke kangaka futhi lokhu kutshengisa ubudlelwano obuhle obukhona phakathi kukaHulumeni kanye nobukhosi bendawo nokwenza kube lula ukuthi thina singuHulumeni sikwazi ukuletha intuthuko kubantu bakithi ikakhulukazi labo ababencishwe amathuba phambilini,” kulanda uMchunu.

UMnuz Ndukuzempi Zibula oyi-

## Babuyelwe ithemba kulethwa ibhuloho nemigwaqo emiphakathini waseMzimkhulu



**Njengengxenywe yokwethulwa kwenyanga yezokuthutha, uMnuz Willies Mchunu uhlole ingqalasizinda yezitimela. Lapha ubegibele isitimela esisuka esiteshini eMoses Mabhida siya eBridge City, KwaMashu, ngezi 3 October. UMchunu ubehambisana neNhlolo yoMnyango uMnuz Sibusiso Gumbi kanye nezikhulu zakwa-PRASA.**

Isithombe ngu: Sbu Zungu



**Kube yinjabulo eMzimkhulu ngenkathi uNgqongqoshe uMnuz Willies Mchunu evula imigwaqo emibili waphinda wethula uhlelo lokwakhiwa kwebhuloho okuyingxenywe yokuthuthukisa umnotho wedolobha. UMchunu ubehambisana neMeya yaseMzimkhulu uKhansela Mphuthumi Mpabanga neMeya yesifunda iHarry Gwala uKhansela Mluleki Ndobe, ngomhlaka 21 October.**

Isithombe ngu: Sjabulile Khwela



**UMnuz Willies Mchunu uhlanguyele nobuholi bezenkolo, nobendawo KwaSithebe, eMandeni, mhlaka 12 October, enkonzweni yokuthoba amaxeba imindeni yalabo abashona nabalimala ezingozini zomgwaqo. Amabandla ahlukeneyo abeyingxenywe yohlelo loMnyango lokusiza abayizisulu zezingozini zomgwaqo ukuba bathole usizo lwezinxephezelo nezinye izibonelelo zikahulumeni.**

Isithombe ngu: Sbu Zungu

### Zandile Mbhele

BABUYELWE ithemba abazali bezingane ezamuka nomfula iGungununu, eMzimkhulu, ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuThutha uMnuz Willies Mchunu ezokwethula ngokusemthethweni inkontileka ezokwakha ibhuloho lezimoto.

Laba besifazane izingane zabo zamuka ngonyaka ka-2011 ngesikhathi zibuya esikoleni samabanga aphansi iSt Patrick's. U-Nandipha Jaca no-Iviwe Dlamini bobabili bashona beneminyaka eyisithupha, benza ibanga lokuqala. Babezama ukuwela umfula iGungununu ngesikhathi amanzi anamandla ebahlula bagcina ngokumuka.

Lezi zingane zamantombazane zatholakala sezishonile. Ngo-2013,

kuwona lo mfula osuphenduke undabuzekwayo endaweni, kushone uNomthandazo Moholi (17), owayenza ibanga leshumi esikoleni samabanga aphezulu iMabandla.

Le ntombazane kuthiwa yashona iphuma kofunda nabanye ozakwabo ngempelasonto njengoba babezicijela izivivinyo zebanga leshumi.

Abazali balezi zingane bahlangane noMchunu ngesikhathi ezokwethula inkontileka esiqala umsebenzi wokwakha ibhuloho lezimoto kule ndawo.

Bachaze ukwakhiwa kwaleli bhuloho njengokuphenduleka kwemithandazo yabo.

Akusibona kuphela njengoba begcine sebeyisishiyagalombili sebonke okuvele ukuthi sebelahlekel-

we yizingane kule ndawo.

Umama ka-Nandipha, uNksz Sthobile Duma, uthe ingane yakhe yahamba kabuhlungu ngenxa yokugcwalwa komfula iGungununu kodwa ukwakhiwa kwebhuloho kufana nokuphenduleka kwemithandazo yakhe. Umama ka-Iviwe, uNkk Nokubonga Dlamini, ubonge kuMchunu ngale ntuthuko, wathi noma ezabo izingane zahamba kodwa wethemba ukuthi azikho ezisazomuka.

Ngokusho kukaMchunu leli bhuloho lizodla imali engu-R26 million kanti kuzodaleka amathuba emisebenzi angaphezulu kuka-30.

UMchunu uphinde wavula nezigaba zokuqala zemigwaqo emibili u-P 601 no-P 749 efakelwe itiyela.

**“Ezokuphepha emgwaqeni wumsebenzi wethu sonke”**



## Umlando abezikole zokushayela besayinda isivumelwano nowezokuThutha

### Nonhlanhla Ndwandwe no Zingisa Hlathi

KUQOPHEKE umlando zingu 23 October ngesikhathi umNyango wezokuThutha usayinda isivumelwano sokusebenzisana nabezikole zokufundela ukushayela.

Lesi sivumelwano sizolawula ukusebenza kwale mboni ukuze kuliwe nenkohlakalo bese kukhiqizwa abashayeli abazosiza ekunqandeni izingozi.

Ethula ngokusemthethweni lolu hlelo, oyinhloko yomNyango wezokuThutha uMnuz Sibusiso Gumbi uthe ngalolu hlaka kulindleleke ukuthi imboni yezikole zokufundela ukushayela ibe nomhlahlandlela wokusebenza ozokwenza ukuthi kugcineke imithetho yomgwaqo.

“Ngalokhu sizoqinisa ukusebenzisana phakathi kukaHulumeni nezikole zokufundela ukushayela, nesingangabazi ukuthi

ngakho kuzokhiqizeka abashayeli abaseqophelweni eliphezulu. Lokhu kusebenzisana kubaluleke kakhulu ngokuthi kugwemeke inkohlakalo edla lubi kule mboni kanye nabashayeli abangombombayi asebande nesifundazwe sonkana,” kusho uGumbi.

Le mboni yokufundela ukushayela ilokhu ilandelwe njalo izindaba zenkohlakalo okubalwa khona ukugwazela izincwadi zokushayela.

UGumbi ubuye wathi ngaloluguquko, kulindleleke ukuthi kuqedwe indaba yokuthi noma ubani ofisa ukusungula isikole sokufundisa ukushayela avele athenge imoto bese eqala ukufundisa.

“Ngokomthetho, abantu abasebenza ezikoleni zokushayela kumele babhaliswe njenga bafundisi phecelezi ama-instructors. Onke ama-instructors kumele athole izitifketi futhi



**INhloko yoMnyango uMnuz Sibusiso Gumbi nethimba elivela ezikoleni ezahlukene zokufundisa ukushayela bathakasela ukusayinwa kwesivumelwano sokusebenzisana ngenhloso yokulwa nenkohlakalo ekukhishweni kwamalayisensi.**

Isithombe ngu: Sijabulile Khwela

abhaliswe ngokohlelo nokubekwa ngokwezigaba zo-Instructor, esithi i-Grading of Instructors.

Ezinye zezinselelo ezibhekene nomkhakha wezikole zokushayela zihlanganisa ukungabi

nendawo eqondile yokuqeqesha abashayeli,” kulanda uGumbi.

Ube esekhuthaza abanikazi bezikole ukuthi baxhumane noMasisipala babo ukuthi babahlinzeke ngemihlaba abazoyisebenzisa ukuqhuba umsebenzi wabo wokufundisa ukushayela.

UMnuz Jeff Nkosi, omele izikole zokufundela ukushayela KwaZulu-Natal ubonge kakhulu ukuzinikela komNyango ekwenzeni lesi sivumelwano sibe ngesinem-pumelelo.

“Nathi njengezikole zokufundela ukushayela sizinikele ekuqeqesheni abashayeli ngen-dlela efanele yikhona sizokhiqiza abashayeli abasezingeni eliphezulu kusona sonke isifundazwe. Sizimisele futhi nokunciphisa inkohlakalo ngaphakathi embonini yethu ukuze siqinisekise ubudlelwano bethu obuhle noHulumeni,” kuphetha uNkosi.

## Kuqiniswa ukulawulwa kokuhamba kwamaloli emgwaqeni eFields Hill



**UMnuz Willies Mchunu uvule ngokusemthethweni izimpawu ezilawula ukuhamba kwamaloli emgwaqeni u-M13 e-Pinetown. Lo mgwaqo udume kakhulu ngezingozi ezibandakanya amaloli.**

Isithombe ngu: Sbu Zungu

### Mabuyi Xhoba

UNGQONGQOSHE wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu uvule ngokusemthethweni amabhodi amasha omgomo wokulawula ukuhamba kwamaloli emgwaqeni u-M13 phakathi kwe-Hillcrest ne-Pinetown ngomhlaka 14 October.

Ukusebenza kwalo mgomo kuqale ezinyangeni eziyisithupha ezedlule njengoba sekuhlale kunamaphoyisa aqaphile ngezikhathi ezifanele.

UMchunu ujube ukuba kwenziwe lo mgomo kulandela inhlekelele yengozi yeloli eyenzeka kuwona lo mgwaqo u-M13 ngoSeptem-

ber wonyaka odlule neyadlula nemiphefumulo yabantu abangu-24.

Le ngozi ingenye yezihlasimulisa umzimba esezike zenzeka kulesi fundazwe nasezweni lonkana. Yenzeka ngesikhathi iloli lishayisa amatekisi amane kanye nemo-to encane ekhoni lika-M13 no-Richmond Road ePinetown.

Ngemuva kwale ngozi uMchunu wayalela ukuthi kwenziwe izinhlelo ezintsha ezizolawula ukuhamba kwamaloli enqamula ku-M13 (Fields Hill).

Ekhuluma emcimbini wokuvula amabhodi, uMchunu uthe selokhu kuqalile ukusebenza kwale migomo ekuqaleni kwalo nyaka

ka-2014, umthamo wansuku zonke wamaloli uveza ukuthi ngo-February izithuthi ezinkulu eziya ePinetown ezisebenzisana u-M13 zehle kancane zaba ngaphansi kuka-2 000 ukuqhathanisa nezingu- 1 000 ezisebenzisana uthelawayeka u-N3.

“Ngo-March kwaba nokwenyuka komthamo kufinyelela ku-2 800 emgwaqeni u-M13 uma kuqhathaniswa no-1 700 ku-N3. Kodwa ngo-May kuya ku-August umthamo wansuku zonke uthe ukwehla lapho zilinganiselwa kwezingu-1 400 izithuthi ezinkulu ebezidlula ku-M13 ukuqhathanisa nesibalo esiphansi esingu-1 000 kwezisebenzisana u-N3,” kusho uMchunu.

## UMchunu uthembise ukusukumela izinkinga zesikhungo samalayisensi e-Pinetown

### Nonhlanhla Ndwandwe

UNGQONGQOSHE wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uWillies Mchunu wethembise ukuyibhekisisa indaba yokusebenza esikhungweni sokuhlalela ukushayela esisePinetown ukuze kuzoshesha ukusizwa kwabantu abazobhalisela ukuthola izincwadi zokushayela.

Lokhu uMchunu ukusho kade egasele kula mahhovisi akulesi sikhungo kungazelele muntu zingu 14 October. Ubezozibonela ngokwakhe ukusebenza kwaso ngohlelo lukaHulumeni lokubheka ukusebenza kwezikhungo. Kube nezinsolo zokukhokhelwa kokutholakala kwezincwadi zokushayela ngendlela engekho

emthethweni kulesikhungo. Ngesikhathi uMchunu ehambela kulesi sikhungo uhlangabezane nenqwaba yezikhalazo eziqhamuka emphakathini obuhambele lesi sikhungo ngezinto ezinhlobonhlobo.

Phakathi kwezikhalazo eziqhamukile kubalwa isikhathi abasilindayo esilinganiselwa emahoreni asukela kwamabili ukuya kwamane ngaphambi kokuthi bathole usizo abanye abaze behambe begcine ben-gasizwanga.

Ngemuva kokuzibonela ngokwakhe zonke lezi zinto umphakathi okhala ngazo, ube esejuba ithimba elizozicubungula zonke lezi zikhalazo bese liqhamuka nezixazululo

ezizosebenza.

“Kuyangijabulisa ukuthi ngemuva kwezinto engizizwe ngalesi sikhungo ngigcine ngizifikele mathupha ukuzozibonela ukuthi kwenzakalani. Engifike ngakuthola ukugcwala kwalesi sikhungo okudalwa ukuthi sihanjelwa ngisho abantu abaqhamuka eMtubatuba nokungenza ngishaye amakhala ukuthi lokho kwenziwa yini ngoba zikhona izikhungo ezingasezindaweni lapho beqhamuka khona. Lokho kunginika omunye umqondo wokuthi kungenzeka lokho kufakazele izinsolo zokugwaziswa engizizwile,” kusho uMchunu.

Ubuye wathi inkohlakalo yalolu hlobo ayitholakali ezikhungweni zokushayela kuphela kodwa



**UMphakathi ukushayele ihlombe ukugasela kukaMnuz Willies Mchunu kungazelele muntu esikhungweni samalayisensi e-Pinetown ezolalela izinkinga zabo. UMchunu ujube ithimba loMnyango elizobheka konke okungahambi kahle okubikwa kulesi sikhungo.**

Isithombe ngu: Sbu Zungu

isuka ngisho ezikoleni zokufundela ukushayela wathi kodwa

unethemba lokuthi konke lokhu kuzofika esiphethweni.

**“Ezokuphepha emgwaqeni wumsebenzi wethu sonke.”**



## Abemboni yezamatekisi bakushayele ihlombe ukulethwa kwamahhovisi amaphemithi eduze

### Akhona Sijula

UNGQONGQOSHE wezoku-Thutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu ubehambele indawo yaseMpangeni ukuzovula ngokusemthethweni amahhovisi okukhipha izimvume zokusebenza kwamatekisi, njengengxenywe yohlelo loMnyango lokusabalalisa umsebenzi wokukhishwa kwezimvume ezingeni lezifunda. Leli hhovisi laseMpangeni lizosobenza ukusiza abantu baso-Thungulu, eMkhanyakude kanye nezinye izindawo ezingaphansi kwaseZululand. Kanti futhi likhona elinye ihhovisi eseliqalile ukusebenza eMnambithi.

Phambilini osomatekisi bebekhamba amabanga amade uma befuna ukufaka izicelo zezimvume zokusebenza noma bedinga ulwazi lwanoma yiziphi izinto ezithinta amatekisi, njengoba

amahhovisi abeseMgungundlovu kuphela.

UNksz Buselaphi Mahaye usebenza embonini yezamatekisi naye ukuthakasele kakhulu ukuvulwa kwala mahhovisi.

“Kade sasithandazela ukuthi kwenzeke lokhu futhi sijabula kakhulu njengoba uHulumeni usuphendule imithandazo yethu. Ngibhekane nezinsalelo ezinkulu ngaphambilini, njengoba ngike ngahambela emahhovisi aseMgungundlovu ngisuka kwaNongoma, lapho engagcina ngingasizakalanga ngazithola ngingundingasithebeni ngoba kwakumele ngiphindele kula mahhovisi ngakusasa,” kusho uMahaye.

Ukuvulwa kwala mahhovisi kuyingxenywe yezinqumo zomhlangano we-Provincial Taxi Indaba owawuseThekwini ngo-September wonyaka ka-



**UNGqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha kanye nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal uWillies Mchunu ehambisana neSekela leMeya kaMasipala wasoThungulu uThulani Mashaba mhlaka 28 October ngenkathi behambele indawo yaseMpangeni ukuzovula ngokusemthethweni amahhovisi azosebenza ukukhipha izimvume zokusebenza kwamatekisi.**

Isithombe ngu: Sbusiso Zungu

2012. Lena ngeminye yemizamo kaHulumeni yokuqinisekisa uzinzo embonini yamatekisi

ngokuthi izimvume zokusebenza kwamatekisi zitholakale ngokushesha. Kule-Taxi Indaba kwave-

la ukuthi ukuhamba kancane kokukhishwa kwezimvume zokusebenza kwamatekisi iyona mbangela yodlame kule mboni njengoba kubonakala ukuthi labo abangenayo imvume bayaqhubeka nokusebenza ngokungekho emthethweni.

UMchunu uthe unethemba lokuthi ukuvulwa kwala mahhovisi kuzoletha uzinzo kuphinde kunciphise nodlame embonini.

“Lokhu kutshengisa ngokusobala ukuthi singuHulumeni ogcina izithembiso. Uma sithatha izinqumo emihlanganweni siyabuya futhi size kubantu sizoletha izixazululo ezinkingeni ababhekene nazo,” kusho uMchunu.

USihlalo weSANTACO uBoy Zondi uthakaselele ukuvulwa kwalamahhovisi njengento ababekade beyifisa.

## UHulumeni waKwaZulu-Natal nemizamo yoxolo kwabamatekisi



**UNDunankulu waKwaZulu-Natal uMnuz Senzo Mchunu ehambisana noMnuz Willies Mchunu bahole ukusayindwa kwesivumelwano esizolawula ukusebenzisana phakathi kososeshini waKwaDukuza, Maphumulo neDolphin Coast, uMnyango wezokuThutha kanye nezinkampani zonogada ezizimele. Lesi sivumelwano sango mhlaka 10 October silandela impi yombango yemizila eqhubeka KwiLembe District.**

Isithombe sithunyelwe

### Akhona Sijula

BASAYINDE isivumelwano sokuzibophezela ukuthi angeke baphinde badubulane onogada abaqaphe ososeshini abangaphansi kwesiFunda iLembe, osekutholakale ukuthi bebenzayilandelile imithetho emsebenzini wabo bedubulana noma yikanjani bengexho nabanikazi bomsebenzi.

Ukusayindwa kwesivumelwano kulandela ukungenelela kukaHulumeni waKwaZulu-Natal ezingxabanweni zososeshini baKwaDukuza.

Kulenyanga ka-October uNDunankulu uMnuz Senzo Mchunu noNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu babize umhlangano nenhlangano elawula

ukusebenza konogada i-Private Security Industry Regulatory Authority, nobuholi bososeshini baKwaDukuza, owaKwaMaphumulo, owaseNyoni, eDolphin Coast kanye nowaseMandeni.

Kulo mhlangano uNgqongqoshe uMchunu uveze ukuthi kulabo soseshini abahlanu abasebenza kule ndawo, bathathu abavamise ukuba nezinkinga okuyi-KwaDukuza, KwaMaphumulo kanye noDolphin Coast.

Babili kulabo soseshi abasabhekene nezinxushunxushu zokuxabana, bebanga imizila kanye namalunga angenazo izimvume zokulayisha okuyi-KwaDukuza kanye naKwaMaphumulo.

“Akumele kuze kuchitheke igazi

njalo uma kunabantu abangaboni ngaso linye kule mboni. Kade silishumayela ivangeli lokuthi isibhamu akuyona indlela yokuxazulula izinkinga. Kumele osomatekisi bafunde ukuxoxisana uma benezinkinga. Lokhu kuzobasiza ukuthi bakhulise imboni yabo baphinde bafane nabanye osomabhezini abahlalekile abakhulisa amabhezini abo ngokuhlala phansi baxoxisane uma bexazulula izinkinga,” kusho uMchunu.

UNDunankulu uMchunu ugqogquzele osomatekisi ukuba bangalwi kodwa bahlale etafuleni babheke ezinye izindlela abangakhulisa ngayo imboni yabo noma bangene kwamanye amabhezini njengekuthenga amagaraji kaphethiloli noma izitolo ezidayisa izinsimbi zokukhanda izimoto.

## UMchunu uhola izingxoxo zokubuyisa ukuthula eZakheni

UNGQONGQOSHE wezoku-Thutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu useqale uhlelo lokulethwa ukuthula endaweni yaseZakheni eMnambithi kulandela ukufa kwabantu abangu-15 ezigamekweni ezimbili ezehlukene.

Lezi zigameko kusolakala ukuthi zisuswe yimpi ephakathi kwemindeni emibili yaKwaMabaso nowaKwaGamede.

UMchunu uhlangane nale mindeni nobuholi bezinhlelo zomphakathi ngenhloso yokuba bonke abathintekayo bazibophezele ekuletheni ukuthula endaweni. Okuvelile ukuthi lesi zigameko

kungenzeka ukuthi sixhumene nemphephakathi kwale mindeni nesidlule nabantu ababalelwa ku-19 kusukela ngo-January walo nyaka. Sekunamacala aphenywayo kanti sekutholakale izibhamu ezingekho emthethweni ezu-138 esezitholwe amaphoyisa.

Okhulumele umndeni wakwaGamede uMnuz Sgugula Gamede uvumelane noMchunu ukuthi kumele kube nokuthula phakathi kwalemindeni. “Thina baKwaGamede siyazibophezela ukuthi sisebenzisane noNgqongqoshe ukuze kube nokuthula phakathi kwethu,” kusho uGamede.

Kulandela uMnuz Mbheki

Mabaso ochaze wathi: “Sizozihlonipha zonke izinqumo ezizothathwa ukuze kuhlaliswane ngokuthula.”

UMchunu uthe kuzoqiniswa ukubonakala kwamaphoyisa endaweni. “Bonke labantu bale mindeni bahlobene kodwa bayabulalana. Ngakho-ke siyayinxusa imindeni ukuba isebenzisane noHulumeni ukuze kuphele ukubulalana,” kuchaza uMchunu.

USihlalo weSANTACO KwaZulu-Natal, uMnuz Boy Zondi udlulise ukuzwelana nemindeni eshonelwe kulesi zigameko, wabonga futhi ngomsebenzi owenziwe i-Klipriver Taxi Association ukuze isize imindeni.



**Izikhulu zezokuThutha ziholwa yiNhloko yoMnyango uMnuz Sibusiso Gumbi neMeya yaseMnambithi uKhansela Vincent Madlala behlola umonakalo emotweni ebandakanyeke esigamekweni sokufa kwabantu abawu-15 eZakheni mhlaka 12 October.**

Isithombe ngu: Thami Mkhulisa

**“Ezokuphepha emgwaqeni wumsebenzi wethu sonke”**